

Uma usuphelelwe
amaqhinga ...



bible society
of south africa

UNkulunkulu uqhamuka nesu

Ukudakwa wutshwala nokusebenzisa izidakamizwa akusiyona into entsha. IBhayibheli likhuluma kakhulu ngomphumela wokusebenzisa izidakamizwa notshwala.

Umbhali wencwadi yeZaga uxwayisa ngokuthi:

Iwayini liyisideleli,
uphuzo olunamandla lungumxokozeli;
bonke abaduka ngalo abahlakaniphile.

IzAga 20:1

Ukusebenzisa izidakamizwa kuholela ekuziphatheni okuyihlazo

Indaba kaLoti iyisibonelo esikuveza ngokusobala ukuthi ukusebenzisa izidakamizwa konakalisa ukuziphatha okuhle futhi kuholela ekuziphatheni okuyihlazo.

Ngelinye ilanga indodakazi yakhe enkulu yayisithi kwencane: “Ubaba usemdala; akukho ndoda ezweni engangena kithi njengokwenza komhlaba wonke. Woza simphuzise ubaba iwayini, silale naye ukuba sizizuzele inzalo kubaba.”

Ngalobo busuku ayesemphuzisa uyise iwayini; enkulu yangena yalala noyise, engazi ukulala kwayo nokuvuka kwayo.

UGenese 19:31-33

Uyadiyazela ekuseni emva kobusuku

Uyakuba njengolele ekujuleni kolwandle nohlezi esihlokweni sensika yomkhumbi.

Uyakuthi: “Bangishayile, angilimalanga; bangigalele, angikwazanga.

Lapho ngivuka, ngiyakubuye ngilifune.”

IzAga 23:34-35

Yisikhathi sokubhekisisa

Ngakho-ke bhekisisani ukuthi nihamba kanjani, kungabi njengabangahlakaniphile kepha njengabahlakaniphileyo, nithengisise isikhathi, ngokuba izinsuku zimbi. Ngakho-ke ningabi yiziwula, kodwa qondani okuyintando yeNkosi. Ningadakwa yiwayini, kuvela kulo umhumheko, kodwa nigcwaliswe ngoMoya.

Kwabase-Efesu 5:15-18

Ncika kuNkulunkulu, hhayi kwizidakamizwa

“Babusisiwe abampofu emoyeni,
ngokuba umbuso wezulu ungowabo.”

NgokukaMathewu 5:3

Wena ungokaNkulunkulu

Kepha anazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya oNgcwele okinina, enimamukele kuNkulunkulu, nokuthi anisibo abenu na? Ngokuba nathengwa ngenani elikhulu. Ngakho-ke mbongeni uNkulunkulu emzimbeni wenu.

1 kwabaseKorinte 6:19-20

uNkulunkulu ukunika amandla usuku nosuku

Osuthisa ukulangazela kwakho
ngokuhle,

ubusha bakho bubuyiswe njengokhozi.

AmaHubo 103:5

***Wonke amavesi acashunwe
eBhayibhelini lesiZulu lango 1959/1997.**

Jonga emgomeni

Kungesikho ukuthi sengibambile
nokuthi sengiphelelisiwe, kepha
ngijonga ukuba kumbe ngingakubamba
yini lokho nami engabanjelwa khona
nguKristu Jesu. Bazalwane, angisho
ukuthi mina uqobo sengikubambile;
kepha kunye engikwenzayo:
ngikhohlwa okungasemuva, ngizelulela
kokungaphambili.

KwabaseFilipi 3:12-13

UNkulunkulu wenza konke kuba kusha

Kanjalo uma umuntu ekuKristu,
uyisidalwa esisha; okwakuqala kudlulile;
bheka, sekuvele okusha.

2 kwabaseKorinte 5:17

Khumbula!

Akubalulekile ukuthi wenzeni izolo, kodwa
okubalulekile ukuthi wenzani ngekusasa
lako:

Ukuthola ukusizakala ukuze uyeke izidakamizwa shayela kwa:

Alcoholics Anonymous:

0861 435 722

Narcotics Anonymous:

083 900 6962

SANCA: 0861 472 622

Kusihlwa kungena ukukhala,
ekuseni ukujabula.

AmaHubo 30:5b



Ishicilelwe yasatshalaliswa
yi-Bible Society of South Africa.
www.biblesociety.co.za



BibleSA.co.za

BibleSA

Bibles and audio Bibles are
available on the **BibleSA app**.